
Kwanikezwa isimemo kuzo zonke izilwane ukuba zibhalise amagama azo kulo mjaho. Inani lokubhalisela lo mjaho kwakungamarandi ayishumi. Izilwane bezizohamba ibanga lamakhilomitha amahlanu.



Ozonqoba uzothola ikhulu lamarandi.
Ozoqeda endaweni yesibili uzothola amarandi angamashumi amahlanu.
Ozoqeda endawni yesithathu uzothola amarandi angamashumi amathathu.



UMvundlana wayewuvuyela kakhulu lo mdyarho. Waqalisa wazilolonga ezivocavoca. “Icace okwekati emhlophe ehlungwini eyokuba ndiza kuphuma phambili ndilifumane ibhaso lokuqala. Akukho nomnye apha kuni oza kundishiya, nani niyayazi loo nto.”



“Nogwaja, uyaziqhenya kakhulu ngawe. Wazi kanjani ukuthi uzoba ngumnqobi singakawugijimi umjaho?” kubuza ufudu ngokucasuka.



“Empeleni wena fudu, ucabanga ukuthi ungadlula bani?”

“Ngiyacela, ungazihluphi nangokucabanga ukuthi uzogijima nathi.” washo uNogwaja ehlekisa ngoFudu.



Lwafika usuku lomjaho. Zonke izilwane bezigqoke izikhindi zazo zomjaho, ebezinezinombolo ezibhalwe ngemuva kwazo. Injabulo ibisobala kuzo zonke izilwane, ngisho nofudu lukhombisile ukuthi lukulungele ukugijima.




Kuzwakele izwi livela kumbhobho lithi: “Umjaho usuzoqala, wonke umuntu kumele azilungiselele.” Lokhu kwalandelwa umsindo wesibhamu somjaho, esasikhombisa ukthi umjaho usuqalile.



Umjaho wenzeke emgwaqweni owehlayo.
Ufudu wacabanga isu lokunqoba lo mjaho.
Ufudu wafihla ikhanda nemilendze yakhe ngaphakathi komzimba wakhe.
Ngemuva kwalokhu, ufudu waqala ukungingqika, waze wasondela entanjeni yokunqoba umjaho.



Ufudu wabheka emuva. Wabona unogwaja nezinye izilwane begijima buqamama bebheke entanjeni. Ufudu wasondela eduze komugqa wokuqedq umjaho, wathi: "Yimina onqobile!" Washo ngesikhathi ezishayela izandla.



Ngenkathi unogwaja esondela ngasemgqeni wokugijima, wababaza: "Lokho ngeke kwenzeke! Ufudu lungawunqoba kanjani umjaho ekubeni lungakwazi ukugijima?"

"Yenzani uphnyo!"

"Okusemqoka wukuthi yimi engiwinile!" kusho ufudu ngokuziqhenya ngenkathi lihleka.



